

UMA UHAMBAB ENINGIZIMU AFRIKA

Izakhamizi zaseNingizimu Afrika

Sicela nibhalise izinto zenani elikhulu ngaphambi kokuthi niphume ezweni. Ukuze ukwazi ukufakazela ukuthi uhambe nezinto zenani elikhulu noma eziligugu, ezifana nobucwebe, amawashi, amakamera, amakamera okuthwebula amavidiyo, ama-laptop, waya nakho ngaphandle kwaseNingizimu Afrika, kumele uzibhalisele ukuthelekiswa kabusha ngaphambi kokuthi uhambe. Ungabhalisa ehhovisi leNtela yeMpahla engenayo nephumayo ehholo labaya emazweni angaphandle ngaphambi kokuthi ungenise izimpahla zakho kulabo abazibekayo kungaba ebhanoyini noma ngendlela ezithunyelwa ngayo.

Sicela uqaphele ukuthi uma izinto zakho zenani elikhulu zingahlonzeki ngenombolo yokuhlonza impahla i-serial number noma uphawu lokuyihlonza, udaba kumele luxoxwe noMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo ngaphambi kwesikhathi, ukuze kwenziwe izinhlelo ezifanele leso simo sokuhlonzwa kwempahla okungaba ngezithombe, ngezinto zokunamathisela. njll. ngaphambi kokuthi uphume eNingizimu Afrika.

Ezikhathini lapho uhamba ngebhanoyi elixhumayo esikhumulweni sezindiza esibekiwe lapho uzohambela khona ngebhanoyi laphesheya noma lesifunda, sicela uqinisekise ukuthi izimpahla zakho zibhaliselwe ukuthelekiswa kwesibili ngaphambi kokuthi ifake izimpahla zakho ebhanoyini lokuqala.

Izihambeli / izivakashi zangaphandle

Uma uyisihambeli/uyisivakashi sangaphandle ungakwazi ukufaka isicelo sokubuyiselwa i-VAT ezimpahleni ozithenge ngenkathi uvakashile eNingizimu Afrika; ukuze ufunde kabanzi [cofa lapha](#).

Ngivumeleke ukuphatha imali engamaphepha yaseNingizimu Afrika engakanani uma ngiphuma noma ngifika kuRiphabhulikhi?

1. Umhambi uvumelekile ukuba adalule futhi apha the imali engango-R25 000 noma kungaba imali engakanani emalini yangaphandle, noma uyaphuma noma uyangena. Imali engamaphepha yaseNingizimu Afrika ayinawo umkhawulo uma umhambi eya / ebuya ezweni eliku-Common Monetary Area (CMA).
2. Kungenzeka ukuthi isakhamuzi saseNingizimu Afrika sinemali elithile engamaRandi engaphezulu kuka-R25 000 uma sihamba eNingizimu Afrika, okuyimali umhambi ahlose ukuyisebenzisa ukukhokhela intela yempahla ethelekisiwe uma bebuya. Lokhu kuvumelekile uma umhambi esebenzise umgudu wokungavumelekile/obomvu (Red Channel) futhi ungakwazi ukukhipha ikhophi yokuvunyelwa kwangaphambili koMnyango oLawula ukuSintshanisa i-Exchange Control Department of (SARB).

Isu Elihamba phambili: Abasebenzi boMnyango weNtela yeMpahla engenayo nephumayo bangasesha bathathe imali ngokweMithethonqubo 3(3) no-3(6) weMithethonqubo elawula ukuhhintshana i-Exchange Control Regulations. Ngolwazi olwengeziwe, ungabheka inqubomgomo yangaphandle mayelana neMali eyeVile i-Excess Currency external policy.

Yimalini eyimali yangaphandle izakhamizi zaseNingizimu Afrika ezingayiphatha uma ziphuma kuRiphabhulikhi?

Kungaba imali engafinyelela enanini elingu-R160 000 umuntu omdala oyedwa kanye no-R 50 000 ingane ngayinye engaphansi kweminyaka eyishumi nambili (12), onyakeni wekhalenda ungaphandle kwaseNingizimu Afrika. Ngaphambi kokudluliswa kogunyaziwe (kuba incwadi enophawu lwehhovisi) kumele kulethwe eMnyangweni weNtela yeMpahla enganayo nephumayo njengobufakazi. Ngaphandle kwemvume enjengalena umuntu ngamunye uvumeleke ukuphatha imali elingana no-R25 000.

Zithini izithibelo zomthetho ngezinhlamvu zemali zika-Kruger Rand?

1. Izakhamizi zaseNingizimu Afrika azikwazi ukukhipha izinhlamvu zemali i-Kruger Rand eNingizimu Afrika ngaphandle kokuthola imvume ku-SARB.
2. Izivakashi zangaphandle / abahambi bangaphatha izinhlamvu zemali i-Kruger Rand eziyishumi nanhlanu kuphela uma bephuma eNingizimu Afrika ngaphandle uma bengakufakazela ukuthi izinhlamvu zemali zathengwa ngemali yangaphandle abafike nayo eNingizimu Afrika.